


UNkk Angie Motshekga,
uNgqongqoshe weMfundo
eyiSesekelo,



UDkt. Reginah Mhaule,
iSekela loMnyango
weMfundo Eyisisekelo.

Lezi zincwadi esizibiza ngeRainbow Workbooks esizenzele ukwamukela laba abancane (beBanga R) ziyingxenye ebalulekile yoMnyango weMfundo Eyisesekelo, ngoba kuhloswe ngazo ukuhlumelelisa ukufunda kwalaba bantwana baseNingizimu Afrika. Uphenyo lusiqinisekisile ukuthi abantwana abaye banikwa ithuba lokufunda ngale ndlela ngaphambi kokuyoqala iBanga loku-1, bafunda kangcono naseminyakeni elandela lapho – emazingeni aphansi kanye nakwamaphakathi. Kungakho kusungulwe lolu hlelo lokufundisa iBanga R ngale ndlela.

Izinto ezifundiswa emaBangeni aPhansi zikhombisa ukuthi kuyadingeka umntwana owenza iBanga R ukuthi anikezwe ithuba lokufunda, lokubhala kanye nelokubala, bese liqhakambisa futhi ukuthi laba bantwana bazodinga ukwenzelwa isesekelo esiqinile semfundo ukuze kube lula ukufunda uma befika eBangeni loku-1 nangaphezulu.

Lezi zincwadi zeBanga R zenziwe zaba nenjongo yokusiza abantwana ukuthi bakhulise lolu hlobo lwamakhono kanye nezinto zokuqala ezibalulekile empilweni yabo kwezemfundo. Ngaleyo ndlela kwakheka isesekelo esinqala ekufundeni kwabo. Kanti-ke lezi zincwadi ziveza amathuba amaningi okuthi abantwana bakhule bekujwayele ukusebenzisa amakhono abalungiselela imfundo yasesikoleni elandelayo.

Ngaphambi kokuthi laba bantwana balolongelwe ukufunda badinga ukusizwa bazi kuqala ukuthi incwadi ibanjwa kanjani, aphendulwe kanjani namakhasi ayo. Badinga ukwenziwa baqonde ubuhlobo obukhona phakathi kwamagama nezithombe ezisencwadini, bese beqonda futhi ukuthi amakhasi aqukethe amagama anemisindo nencazelo yalawa magama. Ngakolunye uhlangothi, kumele ngaphambi kokufunda ukubhala, umntwana akwazi ukuthuthukisa intshisekelo yemvelo yakhe yokuhlela kahle izinto, azijwayeze indlela izimo ezakheke ngayo, asuke kulokho azijwayeze ukubumba izinhlamvu. Yiwo-ke amakhono lawa lezi zincwadi ezihlelelwe ukuwathuthukisa ebantwaneni.

Siyazi ukuthi abantwana abakhuli ngomfutho nesivinini esifanayo kuleli Banga lika-R. Lezi zincwadi zihlelelwe ukukwazi ukusiza uthisha ukuthi asebenze ngokubambisana nomntwana esivinini sakhe, kuze kuthi noma kuvela isidingo, ahlehle naye umntwana encwadini, athathelele, bese ebuya naye futhi ehlabela phambili, amthuthukise ngesivinini adaleke ukuthi athuthuke ngaso. Imisebenzi yokwenziwa kulezi zincwadi iyamelekelela uthisha ukuvundulula izingqinamba anokuhlangabezana nazo umntwana ohambeni lwakhe ngokwemfundo, ukuze lezo zingqinamba zikwazi ukugotshwa zisagobeka kumntwana, angaze aqale imfundo esemthethweni zisekhona.

Lezi zincwadi zididiyela ukufunda, ukubala kanye namakhono, okwethulwa ngezindikimba ezingama-20, ezinezinto zokuzijabulisa ezibahehayo abafundi ukuthi bawunake bawujabulele umsebenzi okuzo. Sinethemba lokuthi abafundi bazokuthokozela ukusebenzisa lezi zincwadi ngenxa yemisebenzi ekuzo ngenkathi bekhula bethuthuka emfundweni. Kanye nokuthi-ke nawe njengothisha wabo, uzozibandakanya kanye nabo kukho konke lokhu.

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
Fourteenth edition 2024

ISBN 978-1-431507-14-6

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

**This book may not be sold.**

# Ukudlala ndawonye




basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Sponsored by OMO




SCAN HERE
or visit omo.co.za
for fun activities in
the OMO messy
Play Zone.

3.7



Lalelisisa umsindo "g" ngenkathi uphimisa amagama alandelayo.

# g

| | |
|---|---|
|  igundane |  igeja |
|  igagasi |  ugogo |
|  amagilebhisi |  amagilavu |



Igama lami ngingu-:

# Okusikwayo




**Umdlalo wokukhumbula:**
Sika amakhadi ulandele amachashaza amnyama.
Xova amakhadi uwabeke abheke phansi etafuleni.
Yembula amakhadi amabili ngesikhathi.
Uma evumelana wabeke eceleni. Thola ukuthi ngubani okwazi ukwenza lokhu aqede abeke eceleni wonke amakhadi kuqala.
Sebenzisa ikhono lakho lokukhumbula udlale umdlalo wokushaya amakhadi nomngani wakho.





**Ukulandelanisa amakhadi:**
Sika la makhadi uwabeke ngokulandelana uphinde uxoxe indaba evezwa wukulandelana kwawo.





**Ukufunda incwadi:**
Landela imiyalelo wakhe incwadi yezinto ezisikwayo. Hamba nayo uye ekhaya ufike ufundele abangani bakho namalunga omndeni.



Ngizodla utamatisi emini.





UNomsa unisela izitshalo.



Sizodla utamatisi
masinyane nje.







Bebelapha bonke abantu
bezobona ingadi.



USara kumele alale embhedeni. Uyashisa kakhulu.





USara unozimungumungwana. Unamabala amaningi esikhunjeni.





USara usengcono futhi. Uzoya esikoleni. Uzokwazi futhi ukudlala nabangani bakhe.




# Kuhle ayobona udokotela





USara uya kudokotela.
Udokotela utshela uSara ukuthi
kumele ahlale ekhaya.





USara unomzimba oshisayo.
Uyagula, akakwazi ukuya
esikoleni.





USara uyagula
akadli ekuseni.





USara uphuza imithi yakhe.

